Indlela Yokwenza Ukuphila Komndeni Wakho Kujabulise (Ingxenye 2)

Isekelwe esahlukweni 14 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, bese uhlola nalokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungabachazela kanjani abanye ngezinkolelo zakho.



YINI IZINGANE EZIYIDINGAYO UKUZE ZIJABULE?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Yini abanye abantu abangase bayisho?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani uyikholelwa?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

Izingane zijabula nakakhulu lapho abazali bazo belingisa uJesu.
(Bheka isahluko 14 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 14-16.)

Funda uMarku 10:13-16.
Nakuba ayematasa, uJesu wayeziphatha kanjani izingane?

_____

_____

_____

Funda uLuka 22:24-27 noJohane 13:3-5.
UJesu wababekela kanjani abazali isibonelo esihle endleleni ayekhuza ngayo abafundi bakhe?
(Bheka noJeremiya 30:11.)

_____

_____

_____



UJesu wabekela imindeni isibonelo esihle kakhulu—eseyingane ngisho nalapho esemdala

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

Izingane zijabula nakakhulu lapho zilingisa uJesu.

(Bheka isahluko 14 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 17-19.)

Funda uLuka 2:51, 52; 22:42.

Yini abasebasha abangayifunda kuJesu mayelana nokulalela? (Bheka neyabase-Efesu 6:1-3.)

Funda uMathewu 4:1-10.

UJesu wasibekela kanjani isibonelo esihle sokulwisana nezilingo?

Yini ekuchaza kakhulu ngesibonelo sikaJesu?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

Indlela yeBhayibheli yokuyala iyeqisa.

UNGASE UPHENDULE NGOKUTHI . . .

Kuyiqiniso ukuthi iBhayibheli likhuthaza abazali ukuba bakhuze izingane zabo. Kodwa angikholelwa ukuthi likhuthaza ukuba benze ngendlela eyeqisayo ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufundela lowo muntu?

_____

Njengoba ucabanga ngombono walowo muntu, ungabonisana kanjani naye ngalowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Ukulalela sekugcizelelwa ngokweqile. Abantu abasha kufanele bavunyelwe ukuba benze noma yini abayifunayo njengoba besebasha.

UNGASE UPHENDULE NGOKUTHI . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalowo mbono. Kodwa ngikholelwa kokuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufundela lowo muntu?

_____

Njengoba ucabanga ngombono walowo muntu, ungabonisana kanjani naye ngalowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania